


NGAPHESHEYA KWEKHETHINI

LESIKHATHI

 Ngifuna ukumemezela lapha ukuthi imikhuleko yenu iphenduliwe, imihlangano njengaleyo esasinayo ngenkathi ngiqala ukuqala enkonzweni, iminyaka eminingi eyadlula. Angikaze... Sasingakwazi nje ngisho nokuhlalisa abantu. Futhi sithole izinkundla ezikahle nayo yonke enye into, kwakubakhona abenele lapho ngelesithathu nqo, ukugcwalisa indawo phama. Babedingeka bavale amasango, bengabavumeli bangene. Sasingabibikho lapho kuze kube elesikhombisa. Niyabo? Izinkulungwane nje zitheleka zivela ndawo zonke. Nje...

² Futhi ngithathe ubusuku obuhlanu bokugcina emhlanganweni wokugcina, futhi nje ngakha ngaseZwini, ngiqala ukuqonda ukuthi mandla mani iZwi elalinawo. Niyabo? Ngoba, iZwi linguNkulunkulu. Niyabo? “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.”

³ Manje, amaHeberu 4 asho ukuthi, ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili.” Niyabo? “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunayo, lihlaba lahlukane ngisho nethambo, nokusika, lahlulela ngisho imicabango yengqondo, inhliziyi.” Niyabo? Liyilokho-ke, iZwi likaNkulunkulu.

⁴ Manje-ke uma kukhona isiphiwo ukuya lapho esingaziphumuza khona nje; neZwi, qobo lwaLo, lowo nguKristu, OyiZwi, lingena kithi, futhi lehlulele imicabango yengqondo, njengoba nikubonile. Niyabo? Kumangalisa kakhulu, khona-ke, ukubona Akwenzayo nendlela Asibusise ngayo! Bese kuthi-ke . . .

⁵ Lokho, ngiyakuzwa lokho, ngikwakhela ngakuleloZwi ubusuku obune, nje ngidedela abantu bahlale, bathule, baphumule nje, noMoya oNgewele ubize abantu futhi wenze izinto laphaya ezethamelini.

⁶ Bese kuthi-ke, izolo kusihlwa, ngeSonto eledlule ntambama, ngibone omunye wemigqa emikhulu kunayo yonke yokuphilisa engake ngayibona eMelika. Niyabo? Babe... Ngithumele uBilly phansi namakhadi ayikhulu, noGene enayikhulu, noLeo enayikhulu, noRoy enayikhulu, nje ekhipha onke amakhadi, cishe angamakhulu amahlanu. Kwase kuthi-ke emva kokuba sebone iZwi libambelela, nokuthi Liyokwenzani, bese-

ke sihlala ngqo kuleloZwi manje, babalethe emsamo. Futhi ngibone abesilisa nabesifazane bentshinga izinduku zabo zokuqhugela, nokunye nokunye, futhi baphiliswe ngaphambi kokuthi baze bafike ngisho nasemsamo, ukubona nje. Niyabo? IZwi likaNkulunkulu selivele liphumile, laphumela lapho, futhi Lazimbela kuleyomiLayezo emihlanu, noma imiLayezo emine, ezinhliziyweni zabo, baze baLikholwa ngayo yonke inhliziyoyabo. Khona-ke, into kuphela abadingeka bayenze, ngukuba nolunye uhlobo lokuxhumana okuncane, niyabo, enye into ethize, futhi kwaba yikho ngempela. Futhi bathe nje bangatheleka kulowomsamo, babephiliswa khona lapho emsa- . . . phambi nje kokuba bafike ngale komsamo.

⁷ Ngiyakholwa, abazalwane lapha, nonke niyamazi uMfowethu Ed, uMfowethu Ed Hooper. Animazi na? Nina baseArkansas, phansi lapho na? Wahlangana . . .Wayenami ezingxenyeni zangasekuqaleni kwenkonzo yangasekuqaleni. Wathi, “Lokhu kubonakale kufana nezikhathi zakudala,” wathi, “ngenkathi indlela ababevame ngayo, iminyaka eyadlula.”

⁸ Futhi kwakunabantu ababenamathumba okwaku—kwakunjalo *kanjalo*, babuya, bephila. Izimpumputhe, izithulu, izimungulu, zonke izinhlobo zezinto iNkosi yethu eyazenza. Kungadingeki ngisho uze uthinte abantu. IZwi liphuma likwenza.

⁹ Khona-ke iNkosi yanginika uMlayezo engithanda ukukhuluma ngawo ebandleni, ngesinye isikhathi, uma sengibuyela, ngithole ithuba lokusuka. Ngimatasatasa kabi kakhulu. Manje ngifanele ngihambe futhi, kusasa, ngilindele lentombazane ukuba ifike. Futhi ngisho phambi kokuthi ngisho ngithole isutkesi lami endlini, bekunomuny’umuntu lapho. Futhi angikahlali phansi kusukela lapho, impela. Niyabo? Angikakhulumi ngisho nasemndenini wami selokhu ngingenile. Niyabo? Futhi kungu—kungubunzima ngempela. Futhi ngifanele ngizicelele eyenu yonke imikhuleko yami, futhi, ukuthi iNkosi izongisiza ukuba ngibambebele.

¹⁰ Manje . . .[Akuqoshwanga eteypini—Umhl.] Ngibona umfowethu lapha, ngempela, ogula ngempela, elele kuloluhlaka lombhede. Futhi si . . .

¹¹ Ukhona ozayo, esikhashaneni esincane, ozela thina, ukuya eLouisville. Ngifuna nikhumbule umkhuleko, futhi, inkosazana ehle, ukuthi, ayikabi neminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala. Iyiwele, nentombazane engumKristu esesikoleni. Namanye amantombazane ayaye akhulume ngayo, niyazi, amantombazane amabili, futhi awatshela ukuthi ayekanjani, ukuthi iyiphi ingxenye yempilo ayelahlekelwe yiyo, nokuthi ayefanele aphile kanjani njengawo onke amany’amantombazane. Nenye intombazane yayikwazi nje ukukweqa. Lena enye yayinokuzenyeza, futhi yazizwa

iphatheke kabi ngempela ngakho, futhi yayilokhu iqhela, futhi ishushumba iqhubekela emuva, futhi iyakhathazeka ngakho. Futhi ekugcineni isinokugula kwengqondo. Futhi ba . . . Isegunjini lezinhlanya. Unina noyise uyeza, kancanyana nje, uvela eCrandall, eIndiana, ukuwelela kulesisikhungo lapho abazozama ukuyithumela khona, eMadison, kusasa.

¹² Manje, i—intombazane, akukho—kwephuka ngokomzimba entombazaneni. I . . . Akukho lutho, ngokomzimba. Iphile saka. Kodwa kul'khuni kakhulu ukukuchaza. Futhi ngempela ngeke kwachazwa. Okuyikho, umoya wayo uzulazula. Niyabo? Manje, u—ufanele ubambe umoya wayo bese uwubuyisela endaweni. Niyabo? Kukhona . . .

¹³ Njengoba, sisanda kuqeda nje ukukhuluma lapha, emavikini ambalwa edlule, ngokuthi umgudu womuntu usebenza kanjani. Ukuthi ikhona kanjani imizwa emihlanu ongena ngayo emzimbeni, bese—ke kuba yimigudu emihlanu besingakubiza kanjalo. Imigudu emihlanu, njengo—njengonembeza, ukucabangela, kanjalonjalo, singena emphfumulweni ngayo. Bese kuthi—ke uma ungena emoyeni, kunomgudu owodwa kuphela, nalowo ungenkani, okusekeleka njengoba umuntu adalwa.

¹⁴ UngaLemukela, noma ungavele nje uLiyeke lihambe. Ungamukela uKristu njengoMsindisi, noma uMyeke ahambenje. Futhi usalokhu ungakulowoMuthi, lowo owodwa wokuPhila nalowo wokufa. Sonke isidalwa esingumuntu sibekwa phambi kwalowoMuthi, kungenjalo uNkulunkulu ubeyoba ngongalungile ukubeka oyedwa lapho, bese kuthi—ke angamniki omunye ithuba elilinganayo uku—ukukhetha okulungile noma okungalungile. Futhi yilowo nalowo wethu unalelohuba.

¹⁵ Futhi, kulokho, umoya, singaphiliswa, noma singephiliswe. Manje, akungenxa yokuthi akukho . . . ukuthi asiphiliswa ngokukaNkulunkulu. Siphilisiwe. Ngokuba isivumelwano asinammandela. Futhi Usevele ukuthengile ukuphiliswa kwethu. Ngakho—ke, ukuphiliswa kwethu ku—kukithi. Kungokwethu. Manje, kungukuthi ngabe sizowuthatha lomgudu, ukuba siwukholwe; noma lomgudu, ukuba nje singawukholwa. Manje, kunaleyondlela eyodwa kuphela esingaya ngayo eBukhoneni bukaNkulunkulu.

¹⁶ Manje, lomntwana, omuhle, unina ungumngane wentombazane. Mina, he . . . O, wayengomunye wabangani bami bamantombazane. Wayeyinenekazi elincane elihle, eliphuma ekhaya elinemithetho eqinile lamaNazaretha, intombazane encane enomoya omnandi. Futhi linomyeni othandekayo. Ngiyamazi, nami, kahle kakhulu, umfana owashada nalo. Futhi nje lona elincane . . . Bakhulisa labobantwana ukuba bakhonze iNkosi, futhi babafake esikoleni. Futhi babegxile ngempela

kuKristu, ukuba bangazenzi izinto engalungile. Kodwa kwaya lapho.

¹⁷ Ekwephukeni nje, njengoba nje ngi...ngibuke nje emizuzwaneni edlule, ngase ngijejeza umfanyana, ubenento efanayo, impela. Futhi e...Sehlela lapho ngobunye ubusuku, kwaMfowethu Wright, no Orville nje ube—ubephuke ngokuphelele nje. Futhi yena, niyazi, ngenkathi ezama ukungixosha ngiphume endlini; njengolungile umngane njengoba uOrville nami sinjalo, impela nje sengathi bengingaba nguyise wakhe. Ngashadisa uyise wakhe nonina, ndawonye. Futhi nje wayegxuma futhi edazuluka, “Phuma lapha! Phuma lapha! Phuma lapha!” Niyabo?

¹⁸ Manje, esasidingeka sikwenze lapho kwakungukuphumela emgqeni kamoya futhi sibambe lowomoya womfana. Niyabo? Inqwaba yosizi lwalufike enhliziyweni yakhe encane. Usemncane, futhi wayebone okuningi. Futhi nje sambuyisela ngqo endaweni ayefanele ukuba kuyo. Niyabo? Ezinsukwini ezimbalwa, wa—wayesekahle.

¹⁹ Manje, leyo yinto efanayo ofanele uyenze kulokhu. Ngikubonile, futhi ngiyazi ukuthi kuqinisile. Kodwa manje, nje...ngi—nginicela nonke ukuba nikhuleke manje, ukuthi—ukuthi uNkulunkulu uzongisiza ukuba ngithole lentombazanyana. Phandle endaweni, lapho ingazi khona ukuthi ikuphi, bese-ke ibuyiselwa endaweni yayo. Lowomgudu ufika ngokukholwa. Niyabo, ingeke yaba nokukholwa ngokwayo uqobo. Ayazi ukuthi ikuphi, kumbe noma yini. Niyabo? Ku—kufanele kuthathe ukukholwa kwethu lapha.

²⁰ Futhi manje, kulokho, lawomandla okuvuka kukaKristu, Asinika ithuba. Yilapho-ke, wena, ngendlela eyodwa, iZwi likaNkulunkulu lihlaba isoni. Futhi Lizofanele liye ngaleya kokushunyayelwa kweZwi liphuma. Yingalesosizathu ngifuna ukukhuluma kancanyana kulokhu ukusa ngaphambi kokukhulekela abagulayo. [Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]

²¹ Niyawukhumbula umbono, kungekudala, iNkosi eyanginika wona, niyazi, ngokubona ngaPhesheya na? Niyakhumbula ngalokho kusa ngenkathi ngifakaza ngokubona ngaPhesheya na? [Ibandla lathi, “Amen.”—Umhl.] Awu, lokho kwakuqinisile.

²² NeFull Gospel Business Men’s Voice ilufake emaphepheni lolodatshana, base bebeka isithombe kwingemuva lekhasi lapha. Futhi sinokuncane okufakelwe phansi lapha ekugcineni, ingxenyane encane lapha ekugcineni, ikhuluma ngenkonzo. Okungukuthi, leli yiphepha lamazwe ngamazwe lishicilelwe ngezilwimi ezehlukene. Futhi banikela ngekhasi elingaphambili, nelokuqala, kulowombono. Niyabo?

²³ Futhi nginawo phezulu lapha, futhi ngifisa sengathi beningacoshisa elilodwa, futhi ningalifunda. Futhi nenyuke... Bengingazi ukuthi bangaki abebezokwehla, abazalwane,

kulokhu ukusa. Nani, khona-ke, ukuba bekungenzeka nehluleke ukulithola, awu, yanini eofisi nje. Banawo lapho eofisi. Futhi basivumele sibe neqoqo lawo, ngokuthi: “Yiba ulokhu uphikelele.” Niyabo? Futhi yilokho kuphela okusenzliziweni yami. Engingakuzwa kuphela, ngokuthi, “Yiba ulokhu uphikelele.” Ngaphesheya nje ko—komfula lapho yi—yiZwe elingcono. Futhi asibe silokhu siphikelele size sihlangane naleloZwe.

²⁴ Manje, ngicabanga ukuthi lapha banokubusiswa komntwanyana kaMfowethu Stricker noDadewethu Stricker. Ukuze . . .

²⁵ Lowo wenza babebangaki manje, Dadewethu Stricker na? [UDadewethu Stricker uthi, “Isithupha.”—Umhl.] Abafo abancane abayisithupha. Lowo ngumndeni omncane othandekayo.

²⁶ Futhi ngakho ba . . . kwakuyizithunyuwa zethu zenkolo phesheya e—eAfrika, maduze, babuya. Futhi bonke abantwana babo ngabafo abancane omuhle. Futhi ngiyabona lona muhle, naye, njengoba bemenyusa kulokhu ukusa benzela inkonzo yokubusiswa.

²⁷ Ukuphi uTeddy? Teddy, ungenyuka uze lapha opiyaneni, umzuzu nje, ndodana? Futhi—futhi asibe neculo lethu, iculo elincane, niyazi, leloculo elincane, ngiyakholwa, esiliculayo, *Bangeniseni*. Linjalo na? “Bangenisen’ bephuma emasimini esono.”

²⁸ Futhi yingalesosizathu sidlala leli, ngenxa yokuthi thina, ngakho konke lokho esingakwenza, bazali, ngukuba lethela ukubusiswa. Sibabusisa ngokubanikela eNkosini futhi sibangenisa ngenkathi beseyizingane, ukuthi abazukuzula phandle kuleyonsimu yesono. *Bangeniseni*. Nje asi . . . Uyalazi, Teddy na? Asicule ivesi elilodwa nje lalo manje.

Bangenisen’, bangenisen’,
Bangenisen’ baphume emasimini esono;
Bangenisen’ . . .

Uma ekhona omunye, ngani, qhubekani nje nimlethe.

Lethani abancane kuJesu.
Bangenisen’, bangenisen’,
Bangenisen’ baphume emasimini esono;
Bangenisen’ bangenisen’,
Lethani abazulayo kuJesu.

²⁹ Mfowethu Stricker noDadewethu Stricker, ngiyaqonda ukuthi niyazi ukuthi leloculo lisho ukuthini, uku “bangenisa,” isifiso esivuthayo sisenhliziweni yakho, ukuzama ukuletha abalahlekileyo kuJesu. Ingane yakho encane, ukuba ibingafa ngaphambi kokuba ibusiswe, kumbe noma ngabe yini okunye, isindisiwe, empeleni, ngoba iGazi likaJesu Kristu lakwenza

lokho eKalvari. Kodwa esikhumbuzweni sohambo lwaKhe olukhulu lwasemhlabeni, ngenkathi Ebeka izandla zaKhe phezu kwabancinyane wayesethi, “Bavumeleni beze kiMi,” yingakho niletha ingane kulokhu ukusa. Futhi nibeka ithemba kithi, ukuthi sizokwazi ukukhuleka umkhuleko wokukholwa, womncinyane, ekubusisweni ngokunikela impilo yakhe kuNkulunkulu.

³⁰ Ubani igama layo na? [Ubaba uthi, “UMarilyn Madge Stricker.”—Umhl.] Marilyn Madge, Marilyn Madge Stricker. Mdala kangakanani na? [Umama uthi, “Izinyanga eziyishumi nantathu.”] Izinyanga eziyishumi nantathu. Uzalwa eAfrika, kunjalo na? [“Yebo.”] Awu, kwangathi, uma likhona ikusasa, kwangathi lo omncinyane angaba yisithunywa senkolo laphaya, emasimini lapho azalelwa khona. No—nomntwana omuhle omncane. Ungeza, Mfowethu Neville?

³¹ Futhi, Marilyn. O, he! Ngibathanda njalo lababafo abancane. Akasuye yini umfo omncane omuhle lona na? Sawubona? Sawubona? Asikhothamise amakhanda ethu. Futhi ngifuna nibeke izandla zenu phezu kwakhe.

³² Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe uMarilyn Madge Stricker omncane, lomntwana omncane othandekayo owazalwa emasimini ezithunywa zenkolo, ngenkathi impi yayihamba kanzima. Ngikhulekela ukuthi Uzombusisa lomntwana. EBhayibhelini, baletha kuWe abancinyane abanjalo. Wabeka izandla zaKho phezu kwabo futhi wababusisa, wathi “Vumelani abantwana abancane beze kiMi, futhi ningabenqabeli; ngokuba uMbuso weZulu ungowabanjalo.”

³³ Umama nobaba umbeka ezingalweni zethu, namhlanje. Thina, ngokukholwa, sikhwela izitezi, ngaleya, simbeka ezingalweni zaKho, ngokukholwa. Busisa impilo yakhe. Muphe impilo ende, Nkosi. Kwangathi angaba ngumntwana kaNkulunkulu. Kwangathi angaKukhonza ngayo yonke impilo yakhe, yonk’imithambo yobuyena, abe yinceku kaKristu. Siphe khona, Baba. Busisa uyise nonina wakhe, abafowabo nodadewabo abancane. Kwangathi bangakhula, nabo, futhi babe ngumndeni omuhle kakhulu enkonzweni kaNkulunkulu.

³⁴ Baba, sinikela uMarilyn Madge kuWe, eGameni likaJesu Kristu, abe yimpilo yokukhonza. Mbusise, noyise wakhe, nonina wakhe, nabathandekayo bakubo. Futhi kwangathi bangaphila kade, izimpilo ezijabule enkonzweni yaKho. EGameni likaJesu. Amen.

³⁵ UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Stricker. UNkulunkulu akubusise. Izibusiso enenekazini elihle elincane.

Ngiyabonga, Teddy, mfana.

³⁶ Ngiyabathanda abantwana abancane. Anibathandi na? [Ibandla liyaphendula, “Amen.”—Umhl.]

37 Bangaki abangakaze bawuzwe umbono iNkosi eyanginika wona na? Asibone izandla zenu ziphakama, lowo ongakaze. Mfowethu Neville, unayo incwadi yakho encane lapho, mhlampe, mhlawumbe ubungathanda nje ukubafundela yona khona lapha, okomzuzwana nje olandelayo noma emibili. Ngiyakholwa, yona khona lapha, uma uthanda.

38 [UMfowethu Branham usuka epulpiti. Amaparagrafu 39-56, uMfowethu Neville ufunda odatshaneni lukaMfu. William Branham olunesihloko esithi *Ngaphesheya KweKhethini LesiKhathi*, okokuqala yakhishwa yiFull Gospel Business Men's Fellowship International, amakhasi 3-5 kwelaphuma ngo Febuwari 1961 leFull Gospel Men's Voice—Umhl.]

39 Ngokunye ukusa ngangicambalele embhedeni wami. Ngangisanda kuphaphama nje ebuthongweni, futhi ngabeka izandla zami emva kwekhanda lami ngase ngiziphumuza nekhandla lami lisemqamelweni. Ngase-ke ngiqala ukuzibuza ukuthi kuyoba njani ngaleya. Ngaqonda ukuthi sengiphile ngaphezu kohhafu wempilo yami uma ngiphila ukuba ngibemdala ngangabantu bakithi, futhi ngangifuna ukwenza okuningi kweNkosi ngingakayishiyi lempilo.

40 Ngezwa Izwi lithi: “Usaqala nje! Phikelela empini! Yiba uyilokhu uphikelele!” Ngisacambalele lapho ngizindla ngamazwi, ngacabanga ukuthi ngangizicabangela nje ukuthi ngangizwe Izwi. Futhi Izwi lathi: “Phikelela empini! Yiba ulokhu uhamba! Yiba ulokhu uhamba!” Ngisalokhu ngingakholwa, ngacabanga ukuthi mhlawumbe ngangizikhulumele mina amazwi. Ngafaka izindebe zami zomlomo phakathi kwamazinyo ami ngase ngivala umlomo wami ngesandla sami ngase ngilalela. Izwi lakhuluma futhi: “Yiba ulokhu uphikelele! Uma kuphela bewazi ukuthi kunjani ekupheleni kwendlela!” Kwaba sengathi ngizwa umculo namazwi elidala, iculo elejwayelekile:

“Ngikhumbule ekhaya futhi ngijahile, futhi ngifuna ukubona uJesu,
Ngithanda ukuzwa lezozinsimbi ezimnandi
zokungamukela zikhala.
Kuyokhanyisa indlela yami futhi
kushabalalise konke ukwesaba.
Nkosi, mangibuke ngale kwekhethini
lesikhathi!”

41 Khona-ke Izwi labuza: “Ungathanda ukubona nje ngaphesheya kwekhethini?” Ngaphendula: “Kuzongisiza kakhulu impela!”

42 Okwenzekayo angeke ngakusho. Noma ngabe ngangisemzimbeni noma ngiphumile, kumbe noma ngabe kwakungukuhlwithwa, angazi, kodwa kwakungenjengawo noma yimuphi umbono engake ngaba nawo. Ngangikwazi

ukubona indawo engayiswa kuyo futhi ngangikwazi ukuzibona mina uqobo ngilele emuva lapho phezu kombhede wami. Ngathi: “Yinto eyisimanga lena!”

⁴³ Kwakunezibalo ezinkulu zabantu futhi beza begijimela ukuzongibingelela, bememeza: “O, mfowethu othandeka kakhulu!” Kuqala kweza abesifazane abasha, mhlawumbe bedonsela lapha emashumini amabili eminyaka, futhi lapho bengigona bathi: “Mfowethu othandeka kakhulu!” Izinsizwa, ezilapha ebunsizweni obuqhamileyo, namehlo ekhazimula njengezinkanyezi ebusuku obumnyama, namazinyo emhlophe njengobuhlalu obuligugu, zangigona, zithi, “Mfowethu othandeka kakhulu.”

⁴⁴ Ngase ngiqaphela ukuthi mina, futhi, ngase ngiphenduke ngamusha futhi. Ngazibuka lapho ngase ngijika ngase ngibuka emuva emzimbeni wami omdala ulele embhedeni nezandla zami zisesiphundu sami. Ngathi: “Angikuqondi lokhu!”

⁴⁵ Lapho ngiqala ukuzama ukuqondisisa indawo engangikuyo, ngaqala ukuqonda ukuthi kwakungekho zolo futhi lingekho ikusasa lapho. Akekho owayebonakala ekhathala. Lapho isixuku sabesifazane abasha abahle kunabo bonke engake ngababona besho bengigaxa, ngathola ukuthi kwakuluthando olukhulu olulodwa kuphela olwangiqeda amandla futhi akukho kuheha kokomzimba njengasekuziphatheni komuntu. Ngaqaphela laba besifazane abasha bonke babenezinwele zabo ezehle zaze zayoshaya maqondana nokhalo lwabo neziketi zabo zazehle zayofika ezinyaweni zabo.

⁴⁶ Emva kwalokhu, uHope, unkosikazi wami wokuqala, wangigona, wayesethi: “Mfowethu othandeka kakhulu!” Kwase kuthi-ke omunye wesifazane osemusha wangigona noHope wajika wayesegona owesifazane omusha. Ngathi: “Angikuqondi lokhu. Lokhu kuyinto ehluke nya othandweni lwethu lobuntu. Angifuni ukubuyela kulowomzimba omdala osembhedeni.”

⁴⁷ Kwase kuthi Izwi lakhuluma kimi: “Yilokhu owakushumayelayo ukuthi uMoya oNgcwele uyikho! Lolu wuthando oluphelele. Akukho okungangena Lapha kungenalo!”

⁴⁸ Okulandelayo ngathathwa ngakhushulwa ngase ngihlaliswa endaweni ephakemeyo. Macala onke kimi kwakuyizibalo ezinkulu zabesilisa nabesifazane bephelele nje ebusheni. Babekhala, ngenjabulo: “O, mfowethu othandeka kakhulu, sijabula kakhulu ukukubona lapha!” Ngacabanga: “Angiphuphi, ngoba ngiyakwazi ukubona lababantu futhi ngiyakwazi ukubona umzimba wami ulele emuva lapho embhedeni.”

⁴⁹ Izwi lakhuluma kimi: “Uyazi kulotshiwe eBhayibhelini ukuthi abaprofethi baqoqwa nabantu babo.” Ngathi: “Yebo ngiyakukhumbula lokho emiBhalweni, kodwa

ababaningi kangaka oBranham.” IZwi laphendula: “Laba abasibo oBranham. Laba bangabaphendulwa nguwe, yilabo owabaholela eNkosini. Abanye balaba besifazane ocabanga ukuthi basebasha kakhulu futhi bahle base bedlule eminyakeni engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala ngenkathi ubaholela eNkosini. Akumangalisi bememeza, ‘Mfowethu othandeka kakhulu!’” Khona-ke isixuku samemeza kanyekanye: “Ukuba wawungahambanga ngaphambili neVangeli, ngabe asikho lapha!”

⁵⁰ Ngabuza: “O, uphi uJesu na? Ngifuna ukuMbona!” Abantu baphendula: “Uthe ukuphakama kancane nje. Ngelinye ilanga Uyoza kuwe. Wathunyelwa ukuba ngumholi, futhi ngenkathi uNkulunkulu efika, Uyokwahlulela wena ngokufundisa kwakho.” Ngabuza: “Ngabe uPawulu noPetru bazodingeka bamele lokhu ukwahlulelwa futhi na?” Impendulo yayingukuthi: “Yebo!” Ngathi, “Ngishumayele abakushumayela. Angehlukanga kuKho kwelinye icala noma kwelinye. Lapho ababhaphathiza khona eGameni likaJesu, ngakwenza nami; lapho abafundisa khona umBhaphathizo kaMoya oNgewele, ngakwenza nami. Noma yini abayifundisayo, ngayifundisa, nami.”

⁵¹ “Siyakwazi lokho,” abantu bamemeza, “futhi siyazi ukuthi sibuyela emhlabeni nawe ngesinye isikhathi. UJesu uyofika futhi akwehlulele ngokweZwi owasishumayeza lona. Khona-ke uyosiyisa kuYe, futhi sonke kanyekanye siyobuyela emhlabeni ukuyohlala phakade.” Ngabuza: “Ngizofanele ngibuyele emhlabeni, manje na?” Baphendula: “Yebo, kodwa yiba ulokhu uphikelele!”

⁵² Lapho ngiqala ukusuka kuleyo enhle, indawo ejabulisayo, ngangokubona kwamehlo ami, abantu babeza ngakimi ukuba bangigone, bememeza: “Mfowethu othandeka kakhulu!”

⁵³ Khona manjalo ngase ngibuyele embhedeni futhi. Ngathi: “O, Nkulunkulu, ngisize! Ungangivumeli neze ngiyekelele ngeZwi. Mangihlale ngiqonde ngqo phezu kweZwi. Angikhathali ukuthi ubani omunye wenzani, Nkosi, mangiphikelele kuleyo enhle, indawo ejabulisayo!”

⁵⁴ Sengikholiseke kakhulu kunakuqala empilweni yami ukuthi kuyothatha uthando oluphelele ukungena kuleyondawo. Kwakungekho mona, kungekho kukhathala, kungekho kugula, kungekho kuguga, kungekho kufa. Ubuhle obuphakeme kakhulu nokujabula kuphela.

⁵⁵ Noma ngabe yini oyenzayo, beka eceleni konke okunye uze uthole uthando oluphelele! Fika lapho khona ongathanda wonke umuntu, ngisho naso sonke isitha. Akunandaba noma ngabe ibhanoyi iyagququzela, umbani uyabaneka, noma izibhamu zesitha ziphezu kwakho, lezizinto azisho lutho: thola uthando oluphelele!

⁵⁶ Uma ungasindisiwe, yemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wakho manje! Uma ubungakabhaphathizwa emanzini, bhaphathizwa manje! Uma ungakawemukeli umBhathizo kaMoya oNgcwele, wemukela manje! Phikelela kulolothando oluphelele oluyokuyisa kuleyondawo enhle nejabulisayo ngaphesheya kwekhethini lesikhathi!

[UMfowethu Branham ubuyela epulpiti—Umhl.] Lokho yi. . .

⁵⁷ Ngicabange ukuthi mhlawumbe abanye benu bazothola ukuyifunda. Futhi uma ningenayo incwadi encane, ngani, ningaba nayo.

⁵⁸ Manje-ke e. . . phansi ngqo ekugcineni kweteyipu, wenza okuncane ukufaka mayelana nenkonzo lapho. Angazi noma ngabe nikuqaphelile, noma qha, phansi ngqo ekugcineni, emva kokuba usukufundile lokho. Phansi ngqo ekugcineni, okuncane okufakiwe phansi ekugcineni.

⁵⁹ [UMfowethu Branham uthathisela esitatimendeni esenziwa nguMfowethu Thomas R. Nickel, uMhleli weFull Gospel Men's Voice, asifaka ekhasini lokuqala lodatshana lukaMfu. Branham. "mayelana nesithombe ekhaveni engaphambili. NgeziNsuku zeBhayibheli, kwakunamadoda kaNkulunkulu ayengabaProfethi nabaBoni. Kodwa kukho konke okuNgcwele okuBhalwe phansi, akukho nayinye yalawa eyayinenkonzo enkulu kunaleyo kaWilliam Branham, umProfethi nomBoni kaNkulunkulu, osithombe sakhe sibonakala ekhaveni yokuqala yaleli elikhishwe yiFull Gospel Men's Voice. UBrancham ubesetshenziswa nguNkulunkulu, eGameni likaJesu, ukuvusa abafuleyo!"—Umhl.]

[Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]

⁶⁰ Manje, lokho kuhamba ngokusondele cishe kuzo zonke izilwimi eziphansi kwamazulu, niyabo, ukuba—ukuba kufundwe emhlabeni jikelele.

⁶¹ Manje, "Oku—oku. . . Awu," wena uthi, "ungathini kulokho, Mfowethu Branham, ungakakhulekeli abagulayo na?"

⁶² Kungenxa yalokhu: ukuze sazi ukuthi imizamo yethu ayisilo ize. Niyabo? Sifanele sisondele kuNkulunkulu ngalowomgudu wothando nokukholwa. Ukukholwa kusiyisa emgudwini. Uthando yilo olusifakayo.

Ngiyaxolisa. [Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]

⁶³ Manje, nicabanga ukuthi uNkulunkulu ubenga. . . Manje asi. . . Manje, ukukholwa kwakho kufika endawaneni manje, ucabanga ukuthi. . . Ubungacabangani manje uma konke okwemizamo ukuthi i. . . lelitabernakele naleli amaqembu abantu lapha akubeke ngaphambili, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu na? Kunabaningi lapha ovumele abantwana benu, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Kunabaningi lapha

ohambe engenazingubo zokugqoka, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Kunabangingi oshayele eziphephweni, futhi bahamba bengafake zicathulo ezinyaweni zabo, ukuba bafike etabernakele lapha, kunjalo, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu.

⁶⁴ Ubungacabanga ingcweti ipenda isithombe esikhulu, esihle, size sibe sihle ngokuphakeme kakhulu, bese kuthi-ke nje isidabule na? Bekuyoba khona okungalungile ngengcweti. Ubungacabanga umqambi abhale iculo lize libe ngeliphakeme kakhulu, bese kuthi-ke awudabule umculo wakhe—wakhe na? Bekuyoba khona okungalungile kumqambi. Niyabo? Akukho okungalungile kuNkulunkulu. UNkulunkulu akayenzi into enjengale, ukuba nje ayidabule bese eyayintshinga. IngeyoMbuso waKhe. IngeyeNkazimulo yaKhe.

⁶⁵ Ngamunye wethu sibamba iqhaza kulesisithombe nakuleliculo. Siyizingxenye zoMbuso kaNkulunkulu. Nalokho kungukuthi, ukuthi singawabamba amaqhaza ethu, inqobo nje uma siqonda ukuthi sikuphi ngendawo eyiyonayona, singabakulendawo, bese kuthi-ke sihlale lapho ngqo kuleyondawo. Futhi indawo eyodwa esiyaziyo, isothandweni, ngoba yilokho okwenza isithombe.

⁶⁶ Manje, kul'khuni uma ubona lemibono ekanje, nezinto, ukuqonda ukuthi—ukuthi yini engaPhesheya. Ngifisa sengathi bengazi. Indoda yenza lokhu okuncane okufakiwe phansi lapho, ukusho ukuthi abaprofethi basendulo, ukuthi babeyibona kanjani lemibono, nokunye nokunye, nokuthi kanjani lokho, namhlanje, ngaphesheya ngisho i . . . Singeke sakuqonda, kodwa iNkosi isivumele siphikelele kulokho nokubona ukuthi lokho kuyini.

⁶⁷ Manje, bangani, ngangingalele. Futhi mina, phakathi kwenu nami nje, nalelibandla lapha, ngangingekho embonweni. Ngiyazi ukuthi uyini umbono. Eminye lapha, ngeviki eledlule nje, eminye, yayiminingi kamashumi amathathu, ubusuku, wawenzeka. Ungazibonela isisindo esiphezu kwakho. Kukwenza ube nokwethuka, kusobala.

⁶⁸ Ukuba-ke wawuye emhlanganweni onjengalowo, futhi nje isibophezelo, ukuba umhlangano wawuhambe kahle noma qha, sasiphezu kwakho, nje—nje isibophezelo na? Ufanele uphendule umfundisi ngamunye, umbuzo ngamunye, ngayinye yonke into. Umhlangano uqhubeka kahle noma qha, kubeka nje isibophezelo phezu kwakho, wedwa. Bukani ukuthi lokho bekungenzani kuwe.

⁶⁹ Futhi kunabanye bami engibambisene nabo, nje kalula bethengisa izincwadi, kanjalonjalo, bashaywa kakhulu wuvalo, babengafanele baye ekhaya, niyabo, balale phansi, bangezi endlini yokukhonzela ngalobo busuku. He! O, kubi kabi nje. Njengomalokazana wakwami, intombazane encane ethandekayo engumKristu, uLoyce. Ngokuya emhlanganweni

nje—nje, ukuze nje...Amaviki ayisishiyagalombili, noma amaviki ayisikhombisa, njalonjalo kanjalo, waze walala embhedeni nje usuku noma ezimbili, niyabo, kungekho isibophezelo. Niyabo? UBilly, ukuba nje anikezele ngamakhadi omkhuleko ambalwa, futhi nje adabuka aba yizicucu.

⁷⁰ Kodwa, niyabo, sonke isisindo sibekwe phezu kwami. Ngifanele ngithembele kini ukuba ningikhulekele. Niyabo? Ngaphandle kwalokho, bayasho ukuthi—ukuthi imizuzu engamashumi amabili yo—yokushumayela, phansi kokuphefumulelwa, iqhathaniseka namahora ayisishiyagalombili omsebenzi onzima, emzimbeni wakho. Ngishumayela kusukela emahoreni amabili kuya kwamathathu ubusuku; ngezinye izikhathi kathathu ngosuku. Niyabo?

⁷¹ Bese kuthi-ke kuthiwani ngombono owodwa na? Umbono owodwa wenza iNkosi yethu uJesu aphele amandla. Kunjalo. IBhayibheli lathi owesifazane wathinta ingubo yaKhe, kwaMenza waphela amandla. Awu, uma umbono owodwa uyoMenza aphele amandla, Yena, iNdodana kaNkulunkulu; kuthiwani ngami, isoni esisindiswe ngomusa, ibingenzani engamashumi amathathu yayo ngobusuku obubodwa na? Niyabo? Kuyi... Ukuba besingama nje bese sicabanga, kungaleya kwanoma yikuphi okobuntu. Umzimba wobuntu ungekumele lokho. Bengiyoba sesikhungweni sezinhlanga ndawondawo, ngingqimuza ikhanda lami ezibondeni. Niyabo? Ku—kungukuphela amandla kakhulu ongeke... Kungukuphela amandla kwangaphakathi, niyabo, lokho nje kukubulala ngaphandle.

⁷² Manje, kodwa ubungaphikelela kukuphi-ke na? Ngingahle ngisho lokhu. Ngibona uMfowethu noDadewethu Cox, lapho, uRodney nomkakhe, nodadewethu emuva phakathi lapho, abasanda kuphenduka. KuneZwe, phandle nje ngaleya ndawondawo, ukuthi uma nje ungame uze ucabange engqondweni yakho bese uthi ukuLibuka, Liyinto enhle kakhulu ukwedlula zonke. Lifanele yonke imizamo esiyibeka ngaphambili. Niyabo?

Manje, singakabakhulekeli abagulayo, ngingahle ngisho lokhu.

⁷³ Uma-ke ingane encane, ingakazalwa... Asithathe lokho. Ingane encane ehlale esizalweni sikamama, lezizinyanga eziyisishiyagalolunye, naleyongane encane ibingacabanga na? Ibiyothi, “Niyazi ukuthini? Bangitshela ukuthi sengilungiselela ukuzalwa. Awu, ngizokwenzani phandle lapho na? Angazi lutho kodwa lendawo engihlala kuyo lapha. Ngithola amandla ami ngaphakathi. Futhi ngizoziphilisa ngani ngaphandle lapho na? Bangitshela ukuthi kunelanga elikhanyayo. Bangitshela ukuthi abantu lapho bayahambahamba. Futhi angazi lutho kodwa nje lendawo lapha. Yilena kuphela engiyaziyo, khona lapha

e—esizalweni sikamama wami. Nakhu lapho engangeniswa khona. Nakhu engikwaziyo kuphela, kukulesisizalo ngqo. Futhi bangitshela ukuthi nje kunekamelo eliphindwa ka kamelo!” Awu, leyongane encane ibingafa wuvalo, ukuba izalwe. Kunjalo na? Ibingafa wuvalo, isizathu iza endaweni engazi lutho ngayo, ephakeme kakhulu, ephakeme kakhulu kazigidi zezikhathi, kulokho ebihlala kukho. Ibingeke yazi ukuthi konke kumayelana nani. Ibiyothi, “Kanjani, ngizokwenzenjani na?” Ibingafa wuvalo, ukuba izalwe.

⁷⁴ Kodwa, thina esihlala ngaphandle lapha, awu, thina esasisemuva lapho ngesinye isikhathi, besingeke nhlobo sabuyela lapho. Besingeke safuna ukubuyela esizalweni sikamama futhi. Niyabo? Qhabo. Besingefune ukwenza lokho.

⁷⁵ Futhi nje lokho kuyindlela okungayo uma sifa, mngani. O Nkulunkulu! Niyabo? Uzalelwa eNdaweni. Awukaze ube Lapho. UngeYiqonde, ukuthi Inkulu kanjani. “Kuzoba ka—kanjani phandle Lapho na? Ngi...” Nento kuphela engenza ngiqonde, noma nina niqonde, yilokho kuthinta okuncane kokuPhila, njengomoya uzongena enganeni esizalweni sikanina. Niyabo? Yiyonandlela kuphela esingaqonda ngayo ukuthi liyini leloZwe elikhulu ngaphandle ngaleya, ngenkathi kungekho kugula, kungekho sizi, kungekho kufa, kungekho kuguga, kungekho lutho. O, he! Ngani, uma uke wafika Laphaya, ungeke neze wafuna ukubuyela endaweni enjenga le, kungengaphezu kwengane ebingafuna ukubuyela esizalweni sikanina. Niyabo? Kukhulu kakhulu ngaPhesheya, niyabo, phandle Lapho. SingeLiqonde, impela singeke. Singeke. Ngani, ukuthi leyongane ingaphambili kanjani le kwanoma yikuphi ukucabanga, ngakho nathi singaphambili le kwanoma yikuphi ukuqonda kokuthi lokho kuyoba njani phandle Lapho, niyabo, ngoba sisesizalweni somhlaba, silungele ukuzalwa ngesinye isikhathi, eMbusweni omusha, eZweni elisha.

⁷⁶ Futhi yingaleyondlela engizwa ngayo ngaleyomibono nezinto ezinjengalokho, noma ngabe yikuphi lokho okwenzeka kimi ngalolosuku ngenkathi sengiwelele ngaphesheya, kwingaphandle nje, futhi ngabona ukuthi Lokho kwakuyini, bese-ke ngibuya ngingene lapha.

⁷⁷ Ungacabanga nje kuyingane futhi—futhi ibino— nolwazi lokuthi ini, ukuthi bekukuhle kakhulu kanjani ukuhambahamba, ubone izihlahla ziqhakaza, izinyoni zicula, ilanga likhanya, nokuphila okunjengalokhu, bese-ke uminyana esizalweni na? Ngani, ubungefune ukubuyela emuva, sanhlobo.

⁷⁸ Awu, manje-ke, thina, ukucabanga kwethu—kwethu bekuyoba ndikindiki, kwenyuke ngohlangothi, noma sizame ukucabanga ngokuthi lokho kunjani Laphaya. Ngenkathi, umBhalo uthi, “Iso alikubonanga, indlebe ayikuzwanga, noma kuke kwaze kwangena enhliziyweni yomuntu lokho

uNkulunkulu anakho ngabo, akubekele, abaMthandayo.” Niyabo? Ngakho siyazi ukuthi kuhle kakhulu ngaPhesheya. Ngoluny’usuku, ukufa, esikubiza ngokufa, kuyosinika ukuZalwa okusha, futhi siyoza singene kwelinye iZwe, ngaPhesheya.

⁷⁹ Mfowethu George, awuyikuguga, uhamb’ukhubazekile, Laphaya. NoMfowethu noDadewethu Spencer, nabanye njengabanye bethu osemdala kunabanye, kanjalonjalo, futhi siyoba basha, Lapho, kuze kube-phakade. Lona omdala . . .

Lengubo yenyama ngiyoyiqathaza, futhi
ngivuke
Futhi ngidumele umvuzo ongunaphakade;
Futhi ngimemeze, ngenkathi ngedlula
emoyeni,
Salani kahle, salani kahle, ihora elimnandi
lomkhuleko.

⁸⁰ Sekuphelile, khona-ke. Akusekho ubusuku obude bokukhuleka, abusekho. Singene nje kulowo omusha, unyaka ojabulisayo ukuba sibe Lapho, hhayi nje okonyaka, noma iminyaka engamashumi amahlanu, noma iminyaka eyisigidi, kodwa sesibe Lapho iminyaka eyizigidigidikazi eziyikhulu, siyobe singakaqali ngisho nhlobo. Yilokho-ke. Pho kungani singafanele sijabule kulokhu ukusa na? Kungani singafanele sithokoze na? Kungani singafanele sithathe ithuba lazo zonke izinto ezinkulu uNkulunkulu asiphe zona na?

⁸¹ Nakhu ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. UJesu washaywelani imivimbo; ukudabula isithombe, uthi, “Ayikho into enjalo kukho”? Washaya umzimba waKhe ezansi lapho, izimbambo zavela obala, ukuthi, “Ngemivimbo yaKhe saphiliswa thina.” Masingasidabuli isithombe, kulokhu ukusa. AsiSingathe, Sisemukele.

⁸² Manje, mfowethu, nani nonke manje enizokhulekelwa, uma nizoma nizungeze i-altare nje. Ngekathi umlayezo usuhambe ngaphambili, emizuzwaneni embalwa edlule, ngokuhunyushwa nezilimi, ukuthi sizobeka izandla phezu kwabagulayo futhi sibone imisebenzi kaNkulunkulu enamandla.

⁸³ Manje, umfowethu, awudingi ukuba usukume, mfowethu, olele lapho ohlakeni lombhede. Sizozakwazi.

⁸⁴ Kodwa uma bekhona abanye lapha ukuba bakhulekelwe, abathanda ukuma bazungeze i-altare, ngenkathi umfowethu nami sisakhuleka futhi sibeka izandla phezu kwabagulayo, wozani khona ngqo manje. Futhi khumbulani, nisingathe lesosithombe, “Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.”

⁸⁵ “Angikuqondi, Nkosi.” Impela, awukuqondi. Usesesizalweni somhlaba namanje.

⁸⁶ Kodwa Wenza lawomalungiselelo. Futhi Ubengethathe. . . Washayelwani imivimbo na? Ukudabula isithombe nje,

noma ukudabula iculo, kuntshingwe na? Qhabo, mnumzane. Washaywa imivimbo, walinyazwa, futhi wopha, ukuze siphilisewe. Futhi ngalokho, thina, “Imivimbo yaYo, siphilisiwe thina,” sonke. Manje, njengoba niza, nibuthana ngase altare nenzela umkhuleko.

⁸⁷ Manje, inqwaba yalokhu lapha ubuvangeli benkoloze yaseMelika, nokukhuluma ngokuthi, “Ufanele wenze *lokhu*, wenze *lokho*.”

⁸⁸ Kunento eyodwa engifuna ukuba qotho ngayo kuwe, mngane wami. Into, indlela uNkulunkulu aphilisa ngayo, iphezu kwezisekelo zenkonzo kuYe. Niyabo? Iphezu kwezisekelo zenkonzo kuYe. Sifanele semukele ukuphiliswa kwethu phezu kwezisekelo, zokuthi, sizoMkhonza emva kokuba sesiphilisewe. Manje, iBhayibheli lathi, “Vumani izono zenu, omunye komunye. Nikhulekelane, ukuba niphulukiswe.” Niyabo? Kuphezu kwezisekelo, nizokhonza uNkulunkulu. Abaningi benu lapha, mhlampe, basesimweni sokufa, futhi ni—nifanele nife uma ingekho into eyenzekayo. Khona-ke ngifuna nina, enhliziyweni yenu. . .

⁸⁹ Manje, singahle sikugcobe ngamafutha, singahle sikhuleke phezu kwakho, umelusi nami, sikhuleke umkhuleko wokukholwa, senze konke esingakwenza, kodwa akuzukusiza ngalutho uze uthi wena uqobo ungene ehlanganyelweni noKristu. Niyabo? Ufanele uze kuleyonhlanganyelo, ukuthi, “Mina, Nkosi. . .”

⁹⁰ Ngibona i—i—inenekazi eliselisha lenyukela lapho njngamanje. Liza lapha, kungekudala endlini, nento enjengethumba, noma isifo iHodgkin esinezimila ezinamanzi. Futhi liyiMethodisti, ngokukholwa. Ngikholwa ukuthi kunjalo, akunjalo, dadewethu na? Futhi belinesigaxa esikhulu ngasese. Futhi manje nanto limile, liphilisiwe.

⁹¹ Ngibona uDadewethu Weaver emi lapha, ubengomunye obemubi kabi ngezindaba zomdlavuza engake ngambona, empilweni yami yonke. Into yokuqala engambuza yona, wayenga “bhaphathizwa yini eGameni likaJesu Kristu,” futhi avume izono zakhe. Ngenkathi ngimfaka kulamanzi lapha, ngangifanele ngimbambe; wayonde kakhulu, izingalo zakhe, izinto ezincanyana nje. Futhi wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Futhi lokho bese kuthi akube yiminyaka eyishumi eyedlula, bekungenjalo, dade na? [UDadewethu Weaver uthi, “Qhabo. Lokho sekube yiminyaka eyishumi nesithupha eyedlule.”—Umhl.] Iminyaka eyishumi nesithupha eyedlule. Iminyaka eyishumi nesithupha yempilo esindisiwe, ngoba wavuma ukuza ekulaleni. Ngenkathi odokotela ababedlula bonke impela ngapha. . .

⁹² Ngani, udokotela wakhe uqobo wangitshela. Ngenkathi, ngamtshela—ngamtshela, ngathi, “Usephilisiwe.”

⁹³ Wathi, “O, o! Uzobulawa ngumdlavuzwa, emavikini ambalwa. Ungakhathazeki ngalokho. Uzobe engasekho. Amanye amaviki ambalwa, uzobe engasekho.” Futhi wayesevele emnika nje cishe usuku ukuba aphile. Futhi nangu lapha, namhlanje, emva kweminyaka eyishumi nesithupha, emi ealtare. Yini okunye futhi ebengingakusho, kuphindaphinda, futhi kuphindaphinda!

⁹⁴ Manje, uNkulunkulu nje akakwenzi lokho komunye wabantwana baKhe, futhi akakwenzeli abanye abantwana. Ukwenzela bonke abantwana baKhe. “Othandayo angeza.” Ku... Nimenyelwa kuYe. Manje, “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo.” IBhayibheli lakusho lokho.

⁹⁵ Manje—manje, uma... engifuna nikwenze, ngukuvuma amaphutha enu kuNkulunkulu, futhi nithi, “Nkosi, ngiphilise.” Uma ningakaze niphenduke, nikelani izinhliziyu zenu kuKristu. Futhi uma ningakaze nibhaphathizwe, emanzini, eGameni likaJesu Kristu, kukhona ichibi lilungele. Niyabo?

⁹⁶ Nalelinenekazi elincane ngaphesheya komgwaqo lapha; ngenkathi lowomphikinkolo lapho ephendulwa yikho. Ngenkathi lilele... Balithumela ekhaya livela eSilvercrest, lineTB, lifa. Futhi ngenkathi ngehlela lapho, neNkosi yanikeza umbono, yathi, “Lizophiliswa.”

⁹⁷ Futhi wahlangana nami lapho, ngokusa okulandelayo, uMnu. Andrews, futhi nje wangiklabalasele. Wathi, “Ithemba lamanga elinjalo, phezu kwalowo wesifazane!”

⁹⁸ Ngathi, “Mnu. Andrews, akusilo ithemba lamanga. Owesifazane ungumKristu. Futhi uma esekwazi, uzoza azobhaphathizwa.”

⁹⁹ Wayesethi, “Uyafa.” Wathi, “Ngi... Angathunyelwa kanjani ekhaya esuka eSilvercrest na?”

¹⁰⁰ Ngathi, “Mnumzane, ubuka, u... Okubukayo, ubuka kokushiwo ngudokotela. Mina ngibuka okushiwo nguNkulunkulu.” Niyabo?

¹⁰¹ Manje, ngumehluko nje, okubukayo. Uyabo? Ubuka okushiwo ngudokotela, ngempela uzofa. Kodwa ufanele ubuke okushiwo nguNkulunkulu. Uzothatha izwi likabani na?

¹⁰² Ukuba-ke uAbrahama wayethathe umbono kadokotela ngaye eneminyaka eyikhulu ubudala, futhi ezoba nengane ngomkakhe, amashumi ayisishiyagalolunye na? Wayeyokwenzani ke? Niyabo? Ngani, udokotela wayeyothi, “Indoda iyahlanya.” Kodwa uNkulunkulu wambalela ukuthi kungukulunga, ngoba wamkholwa uNkulunkulu. Niyabo? Manje, ni... .

¹⁰³ Nowesifazane waphila. Akakunakanga ukubhaphathizwa, iGama likaJesu Kristu, ngoba ngicabanga ukuthi wayewuhlobo lweMethodisti noma iPresbyterian. Waqala ukuya ngokugula ngokugula. Futhi uyeza futhi wathola uGrace Weber, owayehlala

ngqo...noma wakhe lapho namanje, indodakazi yakhe yakhe khona. URobe, futhi uza lapha, wayesebhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, enemfiva, enezifo zezigaxa ezibhidlike yonk'indawo ehloambe lakhe nayo yonk'into, enemfiva, iyikhulu nane. Futhi wabhaphathizwa khona lapha, eGameni likaJesu Kristu. Futhi uhlala nje ngaphesheya komgwaqo ukusuka lapha. Angahle ukuba uhlezi lapha manje. Ngigqalazile ukubona ukuthi bengingambona yini, emizuzwini embalwa edlule. Niyabo? Ukulalela, niyabo.

¹⁰⁴ Akusikho nje ukuhamb'uzungeza...Ngiyehluka kwabanye babafowethu, nje ukubeka izandla phezu kwalo, lowo, nomunye, kanjalo, futhi bethi olunye uhlobo lwenkolo eyinkoloze luzokwenza. Lokho akusikho. Ufanele ube nokoqobo, okuqinile, iBhayibheli, ukukholwa kukaMoya oNgcwele. Niyabo? Akwenzi, akuzukuhlala isikhathi eside. Akuhlali isikhathi eside.

¹⁰⁵ Yingalesosizathu ngingabonga iNkosi ukuthi Ingisizile kuze kube manje. U—u—ukuphilisa okwenzekile bekungokoqobo, ngoba kwakhelwe ngokoqobo phezu kuka ISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Ngakho-ke bazoma.

¹⁰⁶ Manje—manje, njengoSonto sikole omncane...Bengilinde umzuzu nje, ngikhuluma kini, baze bathola izindawo zabo, ngendawo eyiyonayona, ukuze sikwazi ukuthula manje. Sinemizuzu ethi ayibe mibili nje, sizokhuleka, siqale ukukhuleka.

¹⁰⁷ Manje, ngifuna ngamunye wenu nivume amaphutha enu kuNkulunkulu, bese nethembisa uNkulunkulu ukuthi nizoMkhonza bese nenza yonke into eningayenza. Futhi umelusi nami sizokhuleka, futhi size sizobeka izandla phezu kwenu, futhi niqinisekile ukuthola ukuphiliswa uma nikukholwa.

¹⁰⁸ Babengakwenza kanjani labobantu abaqhugela ngezinduku, nezithulu, nezimungulu, nezimpumpithe, ngeSonto eledlule ntambama, benyukela emsamo nje, bantshinga induku yabo yokuqhugela; benyukela emsamo, amehlo ayavuleka, niyazi, kanjalo na? Amakhulu aphindwe kamakhulu abo! Kwaze kwathi, ngaphela kakhulu amandla, baze bacishe bangithwala ngisuka endaweni, ngimile nje, bona bedlula. Niyabo? Umugqa owawungasuka lapha uya eJeffersonville High School, cishe impela, beshaye umugqa, beza ngomugqa. Futhi angazi ukuthi ngabe wayekhona omunye wabo, owedlulayo, akangaphiliswa. Niyabo? Ngoba beza phezu kwezisekelo zangempela, ukukholwa kwangoqobo kobuKristu futhi bekhulwa. Ba...Kuzofanele kwenzekile.

Manje kothamisani amakhanda enu, nonke, ngisizeni ngibakhulekele.

¹⁰⁹ Nkosi Jesu, siletha kuWe, kulokhu ukusa, lezizethameli zimi lapha, zilindile, zabagulayo, abahluphekile, abantwana

abahlushwayo. Bangale kwanoma yiliphi ithemba, abaningi babo, Nkosi, leselapho sikadokotela, ikakhulukazi lendoda elele lapha kuloluhlaka lombhede. Kuphakathi kokuthi ngumusa waKho noma iyaphuma ezweni ezinsukwini ezimbalwa. Futhi akungabazeki, kungahle kube nabanye abemi ngase altare lapha, nokuhlaselwa yizinhliziyi okubalindele, nezifo, nezinhlupheko okuzobadwengula.

¹¹⁰ Kunento eyodwa kuphela, Baba, engabasindisa, ingukuthi, ngukuya ngaleya kwemizwa emihlanu lapha yalomzimba, lapho odokotela ezame khona ngokwethembeka, kungangabazeki, ukusindisa impilo yabo; izifo, umdlavuza, iTB, inkathazo yenhliziyi. Nanakho konke ukuphesha, namashubhu, nezimpahla, no—no—nomuthi olwa namagciwane, isitha siminyana siqhubeke singene ngqo, ukuthatha impilo yabo.

¹¹¹ Futhi ngizwakalisile, Nkosi, ngiyakholwa, umqondo waKho, kubo. Futhi ngiyizwile indoda ikhuluma ngezilimi kulokhu ukusa, futhi yanikeza leyoncazo, ukuthi bekuzokwenzekani namhlanje. Abanye babo uzokwemukela, Nkosi, impela. Kunjalo. Ngiyakukholwa.

¹¹² Futhi manje, njengoba kulotshwe eBhayibhelini, ukuthi uDavide, umfana omncane ongumelusi wezimvu, wayeluse izimvu zikayise, phandle emva kogwadule. Futhi ngoluny'usuku ingonyama yangena futhi yathola elilodwa lamawundlu kayise, futhi yabaleka nalo. Nalowomfana omncane ongumelusi wezimvu, enokukholwa, wayenani ukumelana nalengonyama na? Hhayi isibhamu esikhulu sesimanje noma isibhamu ingebe. Kodwa wayenendwayimane encane, futhi wayilandela leyongonyama. Wayibulala leyongonyama, wayesebuyisa leyo mvu. Ibhere liyangena lase lithola elilodwa; walilandela lelobhere elalingamfihlizela emhlabathini. Kodwa akacabanganga ngobungako bebhene, noma amandla engonyama, noma ukushesha kwakhe, noma ukungabinamandla kwakhe ngendwayimane.

¹¹³ Kodwa ngenkathi emi phambi kukaSawulu inkosi, wathi, “Inceku yakho yayaluse izimvu zikayise, nengonyama iyangena yathola eyodwa, yase iphuma ibaleka. Ngase ngiyilandela ngase ngiyibuyisa imvu.” Wathi, “UNkulunkulu ofanayo owangophula esandleni, noma oziphweni lwalelobhere, noma imihlathi yaleyongonyama, angamthatha futhi lomFilisti ongasokile futhi amnikele esandleni sami.”

¹¹⁴ Sazi kanjalo ukuthi indaba ihamba kanjani, ukuthi wambulala; wabulala indoda eyayinkulu ngokuphindwe kaningi, ningi kunalokho ayeyikho, neqhawe. Ukuthi kwamthikameza kanjani uSawulu, leyonkosi enkulu, enkulu, indoda enamandla, ukuthi lowomfana omncane wayengaba kanjani nokukholwa okungaka endwayimaneni. Qhabo, hhayi endwayimaneni, kodwa kuNkulunkulu.

115 Manje, Nkosi, abemi bezunguze leli altare, olele lapha kulohlulaka lombhede, yizimvu zikaNkulunkulu, amawundlu amancane, njengoba kwakunjalo, kuYe. Babanjwe ngqi yingonyama ebizwa ngomdlavuzo, ibhere elibizwa ngeTB, ezinye izifo ezibabambile, futhi zabadlikiza, futhi zibadabula babe yizicucu. Nkosi, ngi—ngiza emva kwazo, nendwayimane encane ethiwa umkhuleko wokukholwa. Ayinkulu kakhulu, kodwa ngiyakwazi ekwenzile. Futhi ngiyazi kusenguNkulunkulu ofanayo. Ngiyazilandela, kulokhu ukusa, ukubabuyisa, Nkosi, emadlelweni anomthunzi okuphila okuhle, ezansi ngasemanzini okuphumula okuthula, futhi basuke ezingxakini, ukuba bakholwe kuWe.

116 Futhi ngiyazilandela, ngesikhali Owasinikezayo ukuba ngingene. “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakubavusa. Uma benze noma yisiphi isono, bayothethelelwa sona.”

117 Futhi, Baba, siyahamba manje ukudibana nesitha, ukudibana nengonyama, ukudibana no—nodeveli kuso sonke isimo akuso, esibizwa ngomdlavuzo, iTB, isifo iHodgkin esinezimila ezinamanzi, inkathazo yenhliziyo, noma yisiphi esinye isifo. Siza ukuba sisithole, futhi sibuyisela leliwundlu eNdlini kaNkulunkulu futhi. EGameni likaJesu Kristu siyahamba, ukusebenzisa lendwayimane Osinike yona. Yiba nathi, Baba, njengoba ngokuhlonipha sisondela kuWe manje, eGameni likaJesu.

118 Ngifuna nilokhu nikhothamise amakhanda enu. Futhi sizela ukuba sigcobe ngamafutha, futhi sibeke izandla phezu kwabagulayo, nomkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. Wonke umKristu ophakathi lapha, beka ukukholwa kwakho kulomugqa womkhuleko.

119 [UMfowethu Branham ushiya imayikrofoni esepulpiti imizuzu emithathu nohhafu, ngenkathi yena noMfowethu Neville bekhulekela abagulayo, kodwa amanye amazwi emikhuleko kaMfowethu Branham awakwazi ukuzwakala, amaparagrafu 119-122. Umshayi wopiyano uqhubeka edlala elithi *Kholwa Kuphela* kuze kube imikhuleko iyaqedwa—Umhl.]

EGameni likaJesu Kristu!

EGameni likaJesu Kristu!

IGama likaJesu!

IGama likaJesu Kristu!

IGama likaJesu!

Baba, ngiyamkhuza udeveli! . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu!

EGameni likaJesu Kristu! . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu!

Woza futhi ukukholwe . . . ? . . . futhi kuzokwenziwa! . . . ? . . .

Nkosi, Wena . . . ? . . .

Nkulunkulu . . . ? . . .

¹²⁰ Nkosi, U . . . Waloba ithuba. UnguMhlengi oyisihlobo somndeni, Kristu! . . . ? . . . EGameni likaJesu Kristu!

¹²¹ “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo.” Ngifuna Ukwenzele yena. Mbuyisele ekubeni ngowesifazane onempilo! . . . ? . . .

IGama likaJesu Kristu, mbuyise!

EGameni likaJesu Kristu, mbuyise! . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu, ngibuyisa udadewethu.

EGameni likaJesu Kristu, ngibuyisa umfowethu! . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu! . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu! . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu! . . . ? . . .

Awuzange ukwenze. INkosi ikubusise!

Ngiyakulandela, kulokhu ukusa! . . . ? . . .

¹²² EGameni likaJesu Kristu, ngiyakubuyisa, ngomkhuleko wokukholwa, uphume ebugqilini! . . . ? . . . Senezela ukukholwa kwethu kulaba! . . . ? . . .

[UMfowethu Branham ubuyela kwimayikrofoni esepulpiti—Umhl.]

Kholwa kuphela;

Namakhanda ethu ekhotheme manje, manje.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,

Izinto zingenzeka, kholwa kuphela.

O Nkosi, ngiyakholwa; O Nkosi, ngiyakholwa;

Konke kungenzeka . . .

Asiphakamise izandla zethu nje manje.

. . . Nkosi, ngiyakholwa;

O Nkosi, ngiyakholwa; Nkosi, ngiyakholwa;

Konke kungenzeka, Nkosi, ngiyakholwa.

¹²³ Baba wethu waseZulwini, labo abakwazile ukusukuma, baphakamisa izandla zabo, ukuthi bakwemukelile. Lomfowethu obelele ohlakeni lombhede, usukumile, ukukhombisa ukuthi ukwemukelile ukuphiliswa kwakhe. Siyakholwa, Nkosi, babuyela emuva ngokuthula manje ukuya emadlweni aluhlaza anomthunzi, ngasemanzini okuphumula, ukuba basinde futhi, ngeGama likaJesu. Sinika Wena izibongo ngakho. Amen.

¹²⁴ Kulungile, Mfowethu Neville, ngizohlala lapha futhi ngikulalele ushumayela manje.



NGAPHESHEYA KWEKHETHINI LESIKHATHI ZUL61-0305
(Beyond The Curtain Of Time)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Mashi 5, ngo 1961, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org